



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE  
KUSIYABAKHUMBULA MHLAKA 07 DECEMBER 2008**

**Nginyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu lapha namhlanje kucacisa kahle ukuzibophezela kukahulumeni ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngengcono kubantu bonke. Siyazi sonke ukuthi ukuze sehlise izingozi zomgwaqo, kudingeka ukuthi yonke imikhakha emiphakathini yethu ibambe iqhaza.
- Izwe lethu alikwazi ukuqhubeka nokulahlekelwa ngabantu abaningi kangaka abanye balimale kanzima nsuku zonke. Akukona nje ukuthi kubuhlungu ngendlela engachazeki kwabalimele nasemindenini yabashonile, kodwa kunemali engaphezulu kuka-R43 billion elahlekela leli lizwe minyaka yonke.
- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abaneqhaza emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.

- Sesiqale uhlelo njengoMnyango lapho sihambela emakhaya abantu abathinteki ezingozini zomgwaqo lapho sibheka isimo sempilo ngemuva kokubandakanyeka engozini noma ukulahlekelwa yilungu elondlayo ekhaya.
- Izinto abazivezayo abantu ngesimo sempilo ziyashaqisa. Ziveza ubunzima esibhekana nabo buthule njalo uma kwehle ingozi emgwaqeni. Kodwa mina njengoNgqongqoshe wezokuThutha angikwazi ukuthula – kungumsebenzi wami ukuthi ngithi sekwanele!
- Sesingene esikhathini samaholidi kaKhisimusi esihambisana nemicimbi eminingi yenjabulo njengoba abantu bakithi nezivakashi basuke behla benyuka esifundazweni sakithi. Kuba yisikhathi futhi lapho kwenyuka nezinga lokungaziphathi kahle kwabashayeli okuyinto edala izingozi eziningi.
- Ngalesi sikhathi, kulindeleke abantu abaningi abazobe behambele emabhishi, ezinkonzweni zamasono nakweminye imicimbi ehlelelwe lesi sikhathi esifundazweni sonke. Le micimbi yenza abantu babuye baphume endleleni kwande namathuba amaningi ezinhlekelele.
- Yingakho-ke sesime ngomumo ukuthi uma ukufundisa ngokuphepha emgwaqeni kungaphumeleli kahle, kumele sifake isiswebhu. Ungathi awuxwayiswanga – asinawo nhlobo umusa kulabo abaphula umthetho.
- Njengamanje uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal usuphinde waqhamuka nobunye futhi ubuchwepheshe bokulwa nezingozi emgwaqeni nokuqeda izimoto ezingekho esimweni sokuba emigwaqeni yaseNingizimu Afrika.

- Abanye mhlambe babonile kuma-TV ukuthi sesethule umshini obizwa nge-brake roller tester, ongowokuqala eNingizimu Afrika ukusebenza njengesikhungo sokuhlola izimoto esingumahamba nendlwana.
- Lo mshini ungumphumela wocwaningo nokuhambela koMnyango emazweni omhlaba sibheka izindlela ezingcono, okuholele ekutholakaleni kwalobu chwepheshe obuphambili edolobheni lase-London. Ube usuthengwa ezweni lase-Australia ngemuva kokuba wakhiwe ngendlela evumelana nokuthi isetshenziswe lapha eNingizimu Afrika.
- Ngalo mshini ongumahamba nendlwana abomthetho bazokwazi ukubheka, bashushuse bese bekhapha emgwaqeni imoto engekho esimweni ngezinto ezifana namabhuleki, isiteringi nezinsimbi zangaphansi ezibambe amasondo. Lokhu kuzokwenzeka noma kuphi esifundazweni, ngaphandle kokuba imoto iyiswe esikhungweni sokuhlola.
- Sengiphetha, ngithanda ukunxusa yonke imiphakathi yezenkolo ukuba iqhubeke nokubamba iqhaza ekushumayeleni ivangeli lokuphepha ngokudlulisa umyalezo kubantu emazingeni aphantsi.
- Okokugcina, masiqhube sihloniphe futhi sithande impilo singayithathi kancane neze indaba yezingozi zomgwaqo.

**Ngiyabonga**